
# Isimanjemanje

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Lisho ukuthini igama elithi 'isimanjemanje'?
2. Kusho ukuthini ukuthi 'kusadliwa ngoludala'?



EXTRACT PAGES

Imnandi impilo ephiliwa yimindeni yesimanje. Ayisafani nempilo yakudala sisadla ngoludala. Kudala kwakunzima ukuphila emakhaya ngenxa yezinselelo ezazikhona ngakwezokuxhumana. Ukuqhelelana komakhelwane kwakwenza kube nzima ukuxhumana. Esikhathini samanje ukuxhumana sekulula ngenxa yezobuchwepheshe.


Ingabe babephila kanjani kudala.

Lona nguThobelani ongumfanyana omncane waseFilidi endaweni yaseBhekuzulu. UThobelani uhlakaniphile futhi uneziphiwo ezahlukene. Uneminyaka eyisishiyagalolunye, ufunda eMakhwatha Primary School. Unabangani abangabafana namantombazane ababemvakashela uma kunguMgqibelo. Babedlala egcekeni lakubo elikhulu.

EXTRACT PAGES



Ufunda kusiphi isikole uThobelani? Ucabanga ukuthi badlala mdlalo muni esithombeni?



Njengenjwayelo babemvakashele uma kunguMgqibelo libalele ilanga. Umkhulu kaThobelani wabaxwayisa ngokuthi bangagijimisani, bahlale phansi baphumule. Base bedlala isikhathi eside. Bazishutheka ngaphansi komthunzi wesihlahla baphumula kancane. Baphinde baqhubeka badlala umagenda. Amantombazane adla umhlangeniso. Umkhulu wayesebuka ngokufisa ukudlala nabo.



Kungani behlezi ngaphansi kwesihlahla?

EXTRACT PAGES

Kwathi besadlala bezwa umculo oqhamuka kumakhalekhukhwini kamamncane kaThobelani. Wezwakala esethi: “Thobelani phuthuma uzobamba nalu ucingo lwakho.” Wayeshayelwe ubaba wakhe. Babengahlali naye. UThobelani wayengenawo umakhalekhukhwini ngakho wayesebenzisa owabantu abadala abakhona ekhaya.

EXTRACT PAGES



Sichazele uhlobene kanjani nawe umamncane?



EXTRACT PAGES

Wathi uma eqeda uThobelani ukukhuluma, ubaba wakhe wabe esecela ukukhuluma nogogo kanye nomkhulu. UThobelani noyise babekuthanda ukukhuluma bebukana ubuso nobuso. Ugogo nomkhulu kaThobelani kwakubamangaza lokhu. Bamangala kakhulu nabo bekhuluma noyise womfana bembuka ubuso nobuso ocingweni.

UThobelani wacela ukukhuluma nobani eqeda ukukhuluma nobaba wakhe? Ngathi ngiyababona ogogo nobuso obumangele.



Umkhulu wababaza wathi: “Hheyi niyajabula nina kulesi sikhathi samanje. Izikhathi ziyashintsha. Yisimanga impela ngoba uze umbone umuntu ukuthi ugqokeni nokuthi uhleli kuphi.” Ukhuluma nomuntu ngisho ekude naphesheya kwezilwandle imbala. Akusafani nakuqala kusabhalwa izincwadi kulindwe impendulo eyayibuya sekuhambe isikhathi. Omunye wabangani wayenqekuzisa ikhanda elalele le nkulumo kamkhulu eyizwa kahle.

Kungani umfana enqekusiza ikhanda? Qagela isikhathi sokulinda impendulo yencwadi.

EXTRACT PAGES

Kwase kuqala impikiswano kuqhathaniswa impilo yakudala neyamanje. Umkhulu wababiza bonke bahlala phansi balalela. Waqala wabatshela ngamahhashi ayeba usizo olukhulu ngokuthwala abantu. Wawungekho umuzi ongenalo ihhashi. Kwakuke kube khona nemiqhudelwano yemijaho yamahhashi kwazise amahhashi anejubane. Ongenalo ihhashi wayesiselwa.

EXTRACT PAGES



Ake uqhathanise impilo yamanje neyakudala. Yini ukusiselwa.

Umkhulu wabachazela ukuthi kwakwenzeka kudala ukuthi incwadi ihanjiswe ngamaveni ngoba amatekisi ayengakabi maningi njenganamuhla. Amaveni ayehambisa imithwalo nabantu. Kwakwenzeka umyalezo ufike sekudlule isikhathi noma incwadi ilahleke endleleni.




EXTRACT PAGES

Wawuthatha isikhathi esingakanani umlayezo ukufika?

Okunye okwakwenzeka ezikhathini



zakudala ukuthi izindaba nemiyalezo kwakudluliswa ngomsakazo. Abantu bakelalela umsakazo ngokucophelela ukuzwa imiyalezo, izindaba zokwenzekayo nemidlalo yasemoyeni. Ngokuhamba kwezikhathi kwafika nomabonakude owawukukhombisa impilo yasemadolobheni usemakhaya.

EXTRACT PAGES



Ingabe abantu babeyazi kanjani impilo yasemadolobheni behlala emakhaya? Engabe babezizwa kanjani uma bebona impilo ehlukile.

Uxoxa nje umkhulu bamfaka nemibuzo onkabi. Phela babengayiqondi yonke le nto ayexoxa ngayo. Babebuza ukuthi umsakazo wawudlala ngani ngoba bona bazi ugesi. Umkhulu wabachazela ukuthi kwakusetshenziswa amabhethri. Lalikhona neposi ukuthumela izincwadi nemilayezo. Incwadi yayingeke ihambe uma uyipose ingenaso isitembu esasinamathiselwe kuyo.



EXTRACT PAGES

Engabe wawunjani umsakazo wamabhethri. Ngabe wawumkhulu noma umncane?

Ngokuhamba kwesikhathi kwaba nezingcingo zesigxobo. Kukhona owawufaka kuzo imali kuthi ezinye zisebenzise amakhadi afakwe imali bese eshuthekwa ebhokisaneni locingo ukuze ufone. Kwakubuye kuhanjwe amabanga amade ukuthola isigxobo socingo. Nakhona kwakuba nolayini omude, isigxobo sisinye. Kwakubuye kusetshenziswe amaculo, izinkondlo namakhwela ukuhambisa imilayezo nezindaba.




EXTRACT PAGES


Ngabe bukhona ubungozi bokudlulisa umlayezo esigxobeni?

Babethe njo kumkhulu exoxa babuye banikine amakhanda. Umkhulu wayebaxoxela nokuthi abanye kudala babesebenzisa intuthu njengendlela yokuxhumana. Kwakubuye kusetshenziswe amathini afakwe induku nentambo eyayishaywa ukudlulisa umlayezo.

EXTRACT PAGES



Ake usho ezinye izindlela zokudlulisa umlayezo ozaziyo zesikhathi sakudala.




EXTRACT PAGES

Umkhulu wakhumbula ukuthi unephephandaba analo elikhombisa zonke izindlela zokuxhumana ezazisetshenziswa kudala. Walifuna walithola kwelinye lamabhokisi akhe. Laliqukethe lukhulu leli phephandaba ngoba umkhulu wakwazi ukubakhombisa izithombe ezimayelana nezokuxhumana.

Ingabe balithokozele iphephandaba abantwana.




Kuyahlupha ukuboleka umakhalekhukhwini womuntu ngoba ugcina usulingeka usuvula nezinto zalowo muntu. Phela umakhalekhukhwini ufana nekhompyutha encane ekwazi ukugcina konke. UThobelani naye wayethanda ukuboleka umakhalekhukhwini kamama wakhe omncane adlale kuwo umdlalo webhola.

Iliphi igama likamakhalekhukhwini olaziyo lesikhathi samanje?

EXTRACT PAGES

Abangani baThobelani bavumelana ngokuthi bazophinde bavakashelane ngoMgqibelo. Wonke umuntu kwakufanele aboleke umakhalekhukhwini ukuze kuzodlalwa imidlalo. Lwafika olungaliyo banikela kubo kaThobelani. Bonke bavula omakhalekhukhwini ababolekiwe yilowo nalowo ematasa. Kwathuleka du akekho owalambayo. Ngisho umama omncane kaThobelani esebabuza akekho owamphendula bematasa bedlala imidlalo komakhalekhukhwini.



Kulungile yini ukuthi izingane zidlale ngomakhalekhukhwini usuku lonke? Wena usichitha kanjani isizungu?

EXTRACT PAGES

Umkhulu kaThobelani wayebabuka abangani belibele omakhalekhukhwini. Wafisa ukuwufunda umakhalekhukhwini. UThobelani wacela ukuba bathi ukufundisa umkhulu yonke le migilingwane kamakhalekhukhwini. Bamkaka umkhulu, wonke umuntu wayenokuthile ayefuna ukukufundisa umkhulu. Umkhulu waze wazikhalela ngoba wayesekhathele engasezwa nokuthi bathini. Wayemangele ukuthi bazifundiswa ngubani zonke lezi zinto.

EXTRACT PAGES



Ingabe umkhulu uzizwa kanjani esedlala nezingane.